

Brambles

INqubomgomo Yezemvelo

Brambles Limited

Ibukeziwe: 1 kuMasingana 2020

Uhlelo 2.0

INqubomgomo Yezemvelo

Enye YeziNkambiso Okuqhutshwa Ngazo kwa-Brambles ukuthi senza konke ngokusemthethweni, ngokunesimilo kanye nangobuqotho futhi nenhlonipho emphakathini nasemvelweni. Abakwa-Brambles bazibophezele ekusebenzeni okubheke Ekuqedweni Kokulimala, okuchaza ukuthi kungabibikho ukulinyazwa kwemvelo. Inhloso yethu ukuhlinzeka ngezisombululo zebhizinisi ezinobuciko bokuqamba izinto ezintsha, ezisebenza ngempumelelo ukweseka izinsizakalo kumakhasimende ethu. Sicela bonke abasebenzi bathathe indlela engalindi umonakalo kodwa egwema umonakalo uma bengamele ubungcuphe kwezemvelo.

Lokhu kuyisidingo esincane okufanele ukuthi bonke abahlinzeki ngezinsizakalo bakwa-Brambles basigcwalise kuyo yonke imithetho efanele yezemvelo nezimiso (**iziMiso Zezemvelo nendawo, i-Environmental Regulations**). Abasebenzi bakwa-Brambles kulindeleke bazijwayeze futhi bazi kahle zonke iziMiso ZezeMvelo ezikhuluma ngendawo ngayinye yokusebenzela. Abakwa-Brambles kufanele baphinde bathathe izinyathelo zokuhlomisa abasebenzi ukuba bazi ngokuqhubekayo mayelana neziMiso zezeMvelo ukuze bahlole umthelela waleyo nqubekela phambili emikhubeni yokusebenza eyenziwayo.

Phezu kwalokho, silindele ukuthi bonke abasebenzi bethu basebenzise lezi zimiso ezilandelayo:

- Balandele Usomqulu wakwa-Brambles obizwa nge-Zero Harm futhi bazibophezele baphinde babe neqhaza ekwenziweni kwezinqubo zokuphathwa kwemvelo eziphusile emisebenzini yethu yansukuzonke.
- Ukuphucula ukusebenza ngempumelelo kokusetshenziswa kwezinsiza zethu zemvelo namandla kagesi emsebenzini wophiko ngalunye.
- Ukunciphisa lokhu okukhafulelwa emoyeni kanye nemfucuza emsebenzini wophiko ngalunye;
- Ukulahla yonke imfucuza engagwemeki ngendlela efanele;
- Ukunciphisa umthelela wezinto ezifana nomsindo kanye nalokho okubonwa yiso;
- Ukuphendula ukukhathazeka kwemvelo ngobuqotho, ukuthembeka nenhlonipho;
- Ukusebenzisa ithuba labakwa-Brambles emgudwini wokuthengwa kwempahla ukunciphisa umthelela wamakhasimende emvelweni.
- Ukufuna abahlinzeki ngempahla abengamela izingozi zezemvelo ngendlela ehambela phambili futhi abaphatha izinsizakusebenza zemvelo ngendlela elungile;
- Ukucela osozinkontileka bethu balandele amazinga ezemvelo afanayo nesiwasebenzisayo.

Abakwa-Brambles basetha izimpokophelo zokusebenza zezemvelo bese bebikela umphakathi uma kuqhathaniswa nezimpokophelo zokusebenza ebezibekiwe. Iyunithi yebhizinisi ngayinye kulindeleke igcine amarekhodi afanele, ilandelele inqubekela phambili futhi ihlinzeke ngemibiko enembile yaloko ekwenzile uma kuqhathaniswa nezimpokophelo zokusebenza ebezibekiwe.

Iyunithi yebhizinisi ngayinye kufanele iqinisekise ukuthi lezi zimiso ziyalandelwa, kubandakanya emazweni okungenzeka ukuthi akakabeki imithetho yokuvikelwa kwemvelo. Izimenenja kudingeka zisungule "ipulani lesayithi" lokungamela izingcuphe nobungozi kuwo wonke amasayithi angaphansi kwesandla sazo. La mapulani kufanele abandakanye, lapho kunokwenzeka:

- Ukuqokathwa okufanele, ukulondolozwa kanye nokulahlwa kwezimfucuza kanye nokunye okungase kube ngokungcolisayo;
- Ukunganyelwa nokuqaphela kwakho konke okukhafulelwa emoyeni, okungamanzi angcolile, nokukhishelwa emiseleni yamanzi angcolile;
- Ukusebenza ngempumelelo kwezikhungo zokuhlaza nokuqokathwa ngempumelelo kwamanzi ezichotho ezikhungweni zakhona;
- Ukugcinwa nokuqaphela amathange okulondolozwa kukaphethiloli;

- Izinhlelo zokulondoloza uma kwenzeka izinhlekelele ezifana nemililo, ukufa kwezimoto noma ukushayisana kwezimoto;
- Ukuncishiswa kwezinga lokukhafulwayo lapho kupendwa izimoto ngezifutho;
- Ukwehliswa kwezinga lomsindo nezintuli;
- Ukulondolozwa kobuhle obubonakalayo;
- Ukuthotshelwa kwezimiso nezimfuno zokutholwa kwamalaysensi; kanye
- Nanoma yiziphi ezinye izindaba zezemvelo ezizwelayo emphakathini.

Ukwenziwa kocwaningomabhuku njalonjalo ukuze kuhlolwe ukulandelwa kweziMiso zezeMvelo kanye nokusetshenziswa kwale nqubomgomo. Abaphathi nabo bathatha izinyathelo ezifanele zokuhlolisisa ngaphambi kokuzibophezela kunoma yikuphi ukuthengwa kwempahla, kubandakanya nokuqasha.

Ibhodi yakwa-Brambles inesibopho esiphelele ngale Nqubomgomo. INhloko Yophiko Lokuziza Kwezimo inesibopho sansukuzonke sokubhekelela le nqubomgomo futhi kufanele iqinisekise ukuthi bonke abasebenzi bathola ukuqeqeshwa njalonjalo futhi okufanelekile.

Inhloko Yophiko Lokuziza Kwezimo, ngokusebenzisana neBhodi, izobukeza le nqubomgomo ngasohlangothini lwezomthetho kanye nokwenziwa komsebenzi okungenani kanye ngonyaka. Le Nqubomgomo ayiyona ingxenye yenkontileka yabasebenzi, noma kungenjalo yenziwe, futhi ingachitshiyelwa ngokuhamba kwesikhathi. Abasebenzi bayamenywa ukuba baphawule mayelana nale Nqubomgomo futhi baveze nezinye izindlela ezingasetshenziswa ukuze yenziwe ngcono. Amazwi okuphawula noma imibono kumele ibhekiswe kulowo Oyinhloko Yezokuzinza Kwezimo.

Bonke abasebenzi okungumsebenzi wabo ukuphumelela kwale Nqubomgomo. I-Brambles yakha izindawo zokusebenza lapho kunokuxhumana okuvulelekile nokuthembeka phakathi kwabo bonke abasebenzi kuyigugu futhi kuhlonishwa. Uma unanoma yimiphi imibuzo mayelana nale nqubomgomo, noma uma ungathanda ukubika ngokwephulwa kwayo, sicela ukhulume nemenenja yakho, noma yiliphi ilungu leThimba Lezomthetho noma Lakwandabazabantu, noma-ke i-Speak Up hotline. Njengokusho kweNqubomgomo yakwa-Brambles i-Speak Up, akukho kuphindiselwa noma ukujeziswa okuzokwenzeka kumsebenzi ophakamise ukukhathazeka mayelana nale nqubomgomo. I-Brambles izibophezele ekuphenyeni, ukubhekana, kanye nokuphendula konke ukukhathazeka kwabasebenzi kanye nokuthatha izinyathelo ezifanele zokulungisa lokho okuphakanyiswe njengokuphulwa kwayo.